

Izeluleko Ezisesiqongweni Zomhlaba Zokusetshenziswa kwe-ATM

Ukwandisa ulwazi lwamakhasimende e-ATM

Ukukhetha i-ATM

Iseluleko- 1

Lapho kuphumeleleka khona, sebenzisa ama- ATM owajwayele kakhulu. Noma, ukhethe ama-ATM abekwe endaweni ekahle nekhangayo lapho uzizwa wenamile.

Iseluleko- 2

Bhekisisa yonke indawo eseduzane ne-ATM *ngaphambi* kokuba uqonde kuyo. Yexwaya ukusebenzisa i-ATM nhlobo uma ngabe kukhona umuntu omsolayo eduzane noma ngabe indawo engenamuntu futhi akuphephile.

Iseluleko- 3

Yexwaya ukuvula isikhwama sakho semali, isikhwama noma iwaleti uma umi emgqeni we-ATM. Zilungiselele ngokubamba ikhadi lakho esandleni *ngaphambi* kokuba uye ku-ATM.

Iseluleko- 4

Bhekisisa ukuthi akukho nto engajwayelekile noma esolisayo nge-ATM ebonisa ukuthi iguquliwe. Uma ngabe i-ATM ibonakala inokuthile okubambe isikhala sokufaka ikhadi noma Ukhiya wephedi ungayisebenzisi. Hlolisisa imiyalo engajwayelekile esikrinini sokubonisa kanye nezikrini ezingenalutho ezisolisayo. Uma usolela ekutheni i-ATM iye yahlushwa, yazisa ibhangi bese uya kwenye i-ATM .

Iseluleko- 5

Yexwaya ama-ATM anemilayezo nezimpawu ezifakwe kuwo ezibonisa ukuthi izinkomba zeskrini ziguquliwe, ikakhulukazi uma umlayezo ubekwe ngaphezu kokufunda ikhadi. Ibhangi kanye nabanye abanikazi bama-ATM alisoze lafaka imilayezo eqondiswe kuwe kuma-ATM athile, futhi abasoze bakuvumela ukuthi usebenzise i-ATM eguquliwe.

Ukusebenzisa i-ATM

Iseluleko- 6

Qaphela kakhulu uma abantu ongabazi bezinikele ukukusiza ku-ATM, noma ngabe ikhadi lakho libambekile noma ubhekene nenkinga nokwenzayo. Akumele uvumele noma ngubani ukuthi akuthikameze ngenkathi uku-ATM.

Iseluleko- 7

Hlolisisa ukuthi abanye abantu emgqeni bema kude nawe. Hlala uqaphile ukuthi abekho abantu abakubonayo uma ungenisa i-PIN yakho.

Iseluleko- 8

Yima maduzane ne-ATM bese uvimbela iphedi yekhiya ngesandla sakho uma ufaka i-PIN yakho
(ungapisa ukusebenzisa iqotho lomunwe wakho ophakathi ukufaka i-PIN).

Iseluleko- 9

Landela imiyalo esikrinini sokubonisa, isib. Ungafaki i-PIN kuze kube yileso sikhathi lapho i-ATM ikucela ukuthi wenze njalo.



Ukusungulwa kwe-Global ATM Security Alliance

Iseluleko- 10

Uma ubona sengathi i-ATM ayisebenzi ngendlela ejwayelekile, cindezela igama lokwesula u-Cancel bese ukhipha ikhadi lakho uye kwenye i-ATM, ubike lesi sehlakalo esikhungwini sakho sezezimali.

Iseluleko- 11

Ungaliphokeleli ikhadi lakho esikhaleni sokufaka ikhadi.

Iseluleko- 12

Gcina irekhodi eliphrintiwe lamathransekshini ukuze uqhathanise namaresidi akho e-ATM kanye nesitatimende sakho senyanga.

Iseluleko- 13

Uma ikhadi lakho libambeka, libanjwa noma lilahleka, nomauma uthikanyezwa ku-ATM, bika loku ngokushesha ebhanga kanye /noma emaphoyiseni usebenzisa ucingo lokusiza noma ucingo oluseduzane.

Iseluleko- 14

Ungajahi uma wenza okuthile/ithransekshini, futhi londoloza ngokuqaphelisisa ikhadi lakho kanye nokheshi ewaletini, esikhwameni noma ephaketheni lakho *ngaphambi* kokuba usuke ku-ATM.

Ukuphatha Ukusebenzisa Kwakho i-ATM

Iseluleko- 15

Faka ekhanda i-PIN yakho
(uma ngabe kumele uyibhale phansi, yenza njalo ngendlela efihlakele futhi ungalokothi uyiphathe nekhadi lakho).

Iseluleko- 16

UNGALOKOTHI utshele noma ngubani i-PIN yakho, noma kuyilungu lomndeni wakho, isisebenzi sasebhanga noma iphoyisa.

Iseluleko- 17

Ungasebenzisi izinombolo ezisobala nezingaqagelwa ku-PIN yakho njengosuku lakho lokuzalwa.

Iseluleko- 18

Guqula i-PIN yakho emva kwesikhathi esithile, futhi uma ucabanga ukuthi ingakufaka esimweni esibucayi, yiguqule ngokushesha.

Iseluleko- 19

Beka inani lemali okwazi ukuyikhipha ku-ATM ngosuku egatsheni lakho emazingeni ocabanga ukuthi afanele.



Ukusungulwa kwe-Global ATM Security Alliance

Iseluleko- 20

Hlolisisa njalo nje imali esele ku-akhawunti yakho kanye nezitatimende bese ubika umahluko ebhangi lakho ngokushesha.

- * Uyacelwa ukuba uqaphele ukuthi kumele uthathe ukuqaphela okufanayo uma usebenzisa amakhadi akho ku-POS(kuziteshi zokuthenga) kumatheminali amaphedi ama-pin ezindaweni zokuthengisa noma ezindaweni zokudlela noma uma wenza okuthile ngekhompyutha, ngocingo noma uma ubhala amasheki (izinhlo) – khuluma negatsha lakho lebhangi ngokuphepha uma usebenzisa lezi ezinye izindlela zokwethula izinsizakalo.